## ENGLISH TITLES IN THE 40-MINUTE SERIES:

A Man's Strategy for Conquering Temptation
Being a Disciple: Counting the Real Cost
Breaking Free from Fear
Building a Marriage that Really Works
Discovering What the Future Holds
Fatal Distractions: Conquering Destructive Temptations
Finding Hope After Divorce
Forgiveness: Breaking the Power of the Past
Having a Real Relationship with God
Heaven, Hell and Life After Death
How do You Know God's Your Father?
How do You Walk the Walk You Talk
How to Make Choices You Won't Regret
Ignite Your Passion for God
Jesus: Experiencing His Touch
Jesus: Listening for His Voice
Jesus: Undestanding His Death and Resurrection
Key Principles of Biblical Fasting
Living a Life of True Worship
Living Like You Belong to God
Living Victoriously in Difficult Times
Loving God and Others: The Heart of True Faith
Money and Possessions: The Quest for Contentment
Rising to the Call of Leadership
Spiritual Warfare: Overcoming the Enemy
The Essentials of Effective Prayer
The Power of Knowing God
Turning Your Heart Towards God
Understanding Spiritual Gifts
What Does the Bible Say About Sex?

Originally published as: Being a Disciple, Counting the Real Cost

40-Minute Bible Study Series
BEING A DISCIPLE, COUNTING THE REAL COST
Authors: Kay Arthur, Tom & Jane Hart

© 2001 by Precept Ministries International

Published by WaterBrook & Multnomah
10807 New Allegiance Drive Suite 500
Colorado Springs, CO 80921

Lolu wuhlelo olukhethekile lwePrecept
ISHICILELWE NGABAKWAPRECEPT SOUTH AFRICA
Tel. +27 (0) 21 531-1836
support@precept.org.za // www.precept.org.za

Imizuzu engama-40 yochungechunge lwezifundo zeBhayibheli
UKUBA NGUMFUNDI: UKUBALA IZINDLEKO ZANGEMPELA
Kay Arthur, Tom & Jane Hart

Ilungelo lobunikazi © 2001 ngabePrecept Ministries International

Ngemvume yabakwa WaterBrook & Multnomah
10807 New Allegiance Drive Suite 500
Colorado Springs, CO 80921

ISBN 978-1-63687-290-2

Zonke izingcaphuno zemiBhalo, ngaphandle uma kuboniswe ngenye indlela, zithathelwe IBhayibheli Elingcwele: IsiZulu 2020 Edition (ZUL20). Ngabe: The Bible Society of South Africa, Kempton Park, South Africa, 2020.

Abakwa "WaterBrook & Multnomah" baligodlile ilungelo lokuqhubeka nokudayisa nokusabalalisa uhlelo lwayo esifundeni.

Ayikho ingxenye yalolu shicilelo okumele igaywe kabusha, igcinwe ohlelweni lokuthola kabusha, noma idluliselwe nganoma iyiphi indlela—ngokwe-electronic, mechanical, digital, photocopy, ngokuqoshwa, nanoma iyiphi enye—ngaphandle kwezingcaphuno ezimfishane, kuzibuyekezo eziphrintiwe, ngaphandle kwemvume yangaphambili yomshicileli.

Precept, Precept Ministries International, Precept Ministries, International, The Inductive Bible Study People, the Plumb Bob design, Precept Upon Precept, In & Out, Sweeter than Chocolate!, Cookies on the Lower Shelf, Precepts For Life, Precepts From God's Word and Transform Student Ministries are trademarks of Precept Ministries International.

2026—Uhlelo lokuqala

Iphrintwe eNingizimu Afrika
Bevan Print
Ephreli 2026

Precept™
SOUTH AFRICA

precept.africa precept.africa

# INDLELA YOKUSEBENZISA LESI SIFUNDO

Lesi sifundo ngesoqoqwana elincane labantu abanentshisekelo yokuzifundela ngokwabo ukuthi lithini iBhayibheli ngezihloko ezinhlobonhlobo, kodwa futhi abanesikhathi esincane sokuhlanganyela ndawonye. Ngokwesibonelo, sihle kakhulu lapho nihlangene ngesikhathi selantshi emsebenzini, ekuseni eqenjini lamadoda mayehlangene, noma eqenjini lomama abasebancane abahlanganyela emzini othile, kanye namakilasi kaSonto-sikole, ngisho nangezikhathi zokuthandaza zomndeni. (Sihle futhi nasedlanzaneni eliba nesikhathi esiningi sokuhlangana – njengokuhlangana ebusuku, ngosuku lwangoMgqibelo ekuseni – lapho befisa ukunikela ngengxenye yesikhathi sabo bendawonye, ekutadisheni, ebese besebenzisa leso esisele ukuthandaza, ukuqinisa ubudlelwano, okanye eminye imisebenzi.)

Le ncwadi yenzelwe ukuba bonke abayingxenye yalelo nalelo qembu ababamba iqhaza esifundweni, bakwazi ukuqeda umsebenzi wesifundo kanye kanye. Ukuxoxa ngokuqonda kwabo okusekelwe kulokho uNkulunkulu akushoyo ngaleyo ndaba (eyobe idingidwa ngaleso sikhathi) kwembula okuthakazelisayo, kanye namaqiniso anomthelela empilweni.

Nakuba kuyisifundo seqembu, kodwa uyadingeka ozosiza ukuhola isifundo ukuze ingxoxo iqhubeke. (Umsebenzi walo muntu akusikhona ukuba abe ngumfundisi noma abe nguthisha. Nokho, uma le ncwadi isetshenziswa kuSonto-sikole okanye kokucishe kufane nawo, uthisha kufanele akhululeke ukuba azibambele mathupha ahole isifundo futhi engezele ngeminye imibono ngaphezu kwale okuhlinzekwe ngayo kuleso naleso sifundo seviki.)

Uma *kunguwe* ohola isifundo, umholi, nakhu okubalulekile okungenza umsebenzi wakho ube ngcono:

- Buyekeza isifundo ebese umaka umbhalo ngaphambi kokuhola iqembu. Lokhu kuzokunikeza ukujwayela okwengeziwe ngezinto futhi kuzokwenza ukwazi ukugqugquzela iqembu kalula. Kungase kube lula kuwe ukuhola iqembu ngeziqondiso zokumaka uma wena, njengomholi, ukhetha umbala othile kuphawu ngalunye olumakayo.

- Njengalokhu uhola iqembu, qala ekuqaleni kombhalo futhi umane uwufunde ngokuzwakalayo ngokulandelana njengoba kunjalo esifundweni, okuhlanganisa "namabhokisi okuqonda," kuyo yonke le ncwadi yesifundo. Sebenzani kanye kanye esifundweni, nibhekisise futhi nixoxe ngalokho enikufundayo. Njengalokhu nisafunda amavesi emiBhalo, iqembu maliphimisele limemeze lelo gama abalimakayo emibhalweni.
- Imibuzo yengxoxo yenzelwe ukuba ikusize ukwazi ukufundisa uqede konke okukulesi sifundo. Ngesikhathi ililasi lishenxela engxoxweni, uzothola ukuthi ezikhathini ezinimingi le mibuzo bazoziphendulela ngokwabo. Khumbula, imibuzo yengxoxo ikhona ukuze iqondise iqembu ngakho konke okusesihlokweni, hhayi ukwenza ingxoxo ibe mfushane.
- Khumbula ukuthi kubaluleke kangakanani ukuthi abantu bakhulume ngamazwi abo izimpendulo zabo kanye nalokho abakutholile. Lokhu kuqinisa kakhulu ukuqonda ngokwabo leso naleso sifundo sesonto. Zama ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu unethuba elimingi lokuhlanganyela ezingxoxweni zeviki ngalinye.
- Gcina ingxoxo iqhubeka. Lokhu kungase kusho ukuchitha isikhathi esengeziwe kwezinye izingxenye zesifundo kunezinye. Uma kunesidingo, wena kufanele uzizwe ukhululekile ukusabalalisa isifundo esikhathini esingaphezu kwesisodwa. Nokho, khumbula ukuthi awufuni ukunciphisa ijubane futhi kakhulu. Kungcono kakhulu ukushiya wonke umuntu "efuna okungaphezulu" kunokuba abantu bashiye ngenxa yokuncipha kwentshisekelo.
- Uma kubonakala ukufaneleka noma ukunemba kwezinye izimpendulo kungabazisa, ungakwazi ukukhumbuza iqembu ngobumnene nangenjabulo ukuba lihlale njalo ligxile eqinisweni lemiBhalo. Inhloso yakho ukufunda lokho okushiwo iBhayibheli, hhayi ukuhlanganyela kumafilosofi yabantu. Eqinisweni nje *funda* emiBhalweni futhi unikeze uNkulunkulu ithuba lokukhuluma. Izwi lakhe *liyi*qiniso (Joh. 17:17)!

# UKUBA NGUMFUNDI: UKUBALA IZINDLEKO ZANGEMPELA

Ngesikhathi uJesu ebiza amadoda nabesifazane ukuba bamlandele, yini ayeyilindele kubo? Futhi ngabe kwakuwenza umqondo? Yini umehluko phakathi kwalabo abathi bangamaKhristu kanye nawo wonke umuntu? Yini efakazela umuntu ungumfundi weqiniso kaJesu Khristu noma akasiyena?

Kunemibuzo esifuna ukuyiphendula njengalokhu sizobe siqhubeka sihlola ukuthi lithini iBhayibheli mayelana nendaba yokuba ngumfundi kaJesu Khristu. Sizosebenzisa indlela yokufundisa ethile (*inductive*), okusho ukuthi uzoqaphela ngokwakho izwi likaNkulunkulu. Kothi-ke, lapho uthola lokho elikushoyo nelikuchazayo, usunganquma ukuthi uyafuna yini ukuhlela ukuphila kwakho ngokuvumelana neqiniso lalo.

Abantu abaningi bangabalandeli bomuntu othile. Othile uthola ukunakwa yibo, noma abambe imicabango yabo, okanye babe nentshisekelo ezintweni ezifanayo. Ngenxa yalokho, bazithola sebefuna ukwazi ngokwengeziwe ngalowo muntu—imigomo aphikelele kuyo, kanye nalokho asekuzuzile. Bayaye bafune ukuxoxa nokufunda okuthile kulowo muntu. Futhi uma lokho abakutholayo kuthokozisa noma kuhambisana nezifiso zabo, bayaye bafune ukumlingisa noma ukufana naye, baphikelele kulokho akushisekelayo, noma bangene kulokho akumele.

Ngokwesisekelo singabalandeli balabo abahambe phambi kwethu noma labo asebezuze lokho esifisa ukukuzuza. Lokhu kungase kube abazali bethu, ontanga yethu, othisha bethu, noma amaqhawe ethu ezindaweni esizithandayo—kodwa ngokuvamile kunothile esifuna ukufana naye ngoba sikholelwa kulokho ayikho noma lokho ayikho.

Umfundi ungumlandeli. UMose wayenabafundi, abaFarisi babenabafundi, kanje noJohane uMbhabhadisi wayenabafundi.

Lapho uJesu eqala inkonzo yakhe yasobala, naye, wabheka abafundi ukuze lapho umsebenzi wakhe usuphelile futhi esehamba ukuze abe kuBaba, kube khona nabanye ababeyoqhubeka ngokwethembeka nomsebenzi wombuso kaNkulunkulu—umbuso owawususeduze manje.

## QAPHELA

Njengoba siqala, ake sibheke indima esibonisa indlela uJesu ababiza ngayo abafundi bakhe bokuqala.

***Mholi:*** *Funda ngokuzwakalayo encwadini ngokukaMathewu 4:17-22.*

- *Beka umaka egameni elithi* ***landela*** *ngokulidwebela ebese ubeka umcibisholo ekugcineni komugqa, kanje:* →

**NGOKUKAMATHEWU 4:17-22**

17 Kusukela ngaleso
sikhathi, uJesu waqala
ukushumayela, ethi:
"Phendukani, ngokuba
umbuso wezulu
ususondele."

18 Kwathi ehamba
ngasolwandle iGalile,
wabona izelamani ezimbili,
uSimoni okuthiwa
nguPhethro no-Andreya
umfowabo, bephonsa
inetha olwandle, ngokuba
babengabadobi.

19 Wathi kubo: "Wozani,
ngilandeleni; ngiyakunenza
abadobi babantu."

20 Bashiya amanetha abo
ngokushesha, bamlandela.

21 Esedlulele phambili,
wahlangana nezelamani
ezimbili, uJakobe
kaZebedewu noJohane
umfowabo, besesikebheni
noyise uZebedewu,
belungisa amanetha abo;
wababiza.

## XOXA

- Ngesikhathi uJesu ebacela ukuba bamlandele, yini le athi uzobenza yona?

- Yini ababeyenza?

- Uma ucabanga ngokwakho wayechazani uJesu ngokuthi"abadobi babantu"?

***Mholi:*** *Nikeza lowo nalowo eqenjini ukuba axoxe ngemizuzwana eli-15 noma ngaphansi, asho ukuthi yena wayenzani ngesikhathi uJesu ebabiza okokuqala ukuba bakholwe nguye. Kungani bamlandela?*

## QAPHELA

Ichibi abafundi ababezodoba kulo kwakuyizwe! Ungase uthi leli kwakuyichibi langasese likaSathane—noma uSathane wayecabanga kanjalo! Kodwa uJesu wayazi ukuthi unezinhlanzi eziningi ezazidinga ukudotshelwa embusweni kaNkulunkulu.

***Mholi:** Encadwini ngokukaMathewu 10:16-22 sinengxenye yemiyalelo kaJesu eyala abafundi abalishumi nambili (labo aphinde ababeka njengabaphostoli) ngaphambi kokuba abathumele ezimvini ezilahlekile zendlu yakwa-Israyeli. Funda le ngxenye ngokuzwakalayo ebese iqembu.*

- *Likokeleza lowo nalowo **myalo** uJesu abanikeza wona.*
- *Lidwebele konke **okwakuzokwenzeka** kubo.*

## XOXA

- Ngabe lokho okushiwo nguJesu kuzwakala kukhanga noma kuheha?

- Yiziphi izinto ezingenzeka noma ezizokwenzeka kubona njengabafundi bakhe? Xoxani ngalokho enikudwebele.

- Yimiphi imiyalelo kaJesu?

### NGOKUKAMATHEWU 10:16-22

16 "Bhekani lapha,
ngiyanithuma njengezimvu
phakathi kwezimpisi,
ngakho-ke hlakaniphani
njengezinyoka, nibe mnene
njengamajuba.

17 "Kepha xwayani
abantu, ngokuba
bayakunikhaphela
ezigcawini zokwehlulela,
banishaye emasinagogeni
abo;

18 Niyakuyiswa
phambi kwababusi
namakhosi ngenxa yami,
kube ngubufakazi kubo
nakwabezizwe.

19 "Kepha kuyakuthi
nxa benikhaphela,
ningakhathazeki ngokuthi
niyakukhuluma nithini,
ngokuba niyakuphiwa

ngaleso sikhathi eniyakukukhuluma.

20 "Ngokuba akuyinina eniyakukhuluma, kodwa uMoya kaYihlo, nguye oyakukhuluma kini.

21 "Umuntu uyakumkhaphela ekufeni umfowabo, noyise akhaphele umntwana wakhe. Abantwana bayakuvukela abazali, bababulale.

22 "Niyakuzondwa ngabantu bonke ngenxa yegama lami, kodwa oqiniselayo kuze kube sekupheleni, uyakusindiswa."

- Ngabe kukhona okuyiziqiniseko? Izethembiso zokusiza?

- Ungasho ngokubona kwakho ukuthi uJesu "wabahambela phambili" ngokuthi kusho ukuthini ukumlandela? Kungani?

- Uma lezo zinto zazizokwenzeka kuwe, wawusengafuna ukumlandela uJesu?

- Uyakuqonda ukuthi lezi zinto ziyenzeka kumaKhristu amaningi emhlabeni jikelele namhlanje? Futhi lokho sekwenzekile kuyo yonke iminyaka- kusukela ngabafundi bakhe bokuqala abalishumi nambili!

## QAPHELA

***Mholi:** Funda ngokuzwakalayo encwadini ngokukaMathewu 10:24-31.*

- *Beka umaka kuyo yonke indawo la kubalulwe khona **umfundi**, okuhlanganisa nezabizwana, ngendlela efanayo ophawule ngayo "landelisa" ngokuyidwebela futhi ubeke umcibisholo ekugcineni komugqa.*
- *Beka umaka konke la kuvela khona igama **ukwesaba** ngokudwebela ngemigqa emifushane.*

## XOXA

- Yini uJesu abafundisa yona ngobudlelwano bomfundi maqondana nomphathi wakhe?

- Yini okwakufanele ukuba bengayesabi? Yini okwakufanele ukuba bayesabe? (Yenza uhlu ngaphansi kwalezi zihloko ezinikeziwe.)

**Okungafanele bakwesabe**

**NGOKUKAMATHEWU 10:24-31**

24 "Umfundi
akangaphezulu komfundisi
wakhe, nenceku
kayingaphezulu kwenkosi
yayo.

25 "Kwanele uma
umfundi enjengomfundisi
wakhe, nenceku
injengenkosi yayo. Uma
umnininndlu bembize
ngokuthi uBhelzebhule,
kakhulu kangakanani
abendlu yakhe!

26 "Ngakho-ke
ningabesabi, ngokuba
akukho okusitshekelweyo
okungayukwambulwa
nokufihliweyo
okungayukwaziwa.

27 "Lokhu enginitshela
khona ebumnyameni,
kukhulumeni ekukhanyeni;

nalokhu enikuzwayo
endlebeni, kumemezeleni
phezu kwezindlu.

28 “Ningabesabi
ababulala umzimba
bengenamandla okubulala
umphefumulo, kepha
kakhulu mesabeni
onamandla okubhubhisa
umphefumulo nomzimba
esihogweni.

29 “Akuthengiswa
yini imizwilili emibili
ngendibilishi na? Nokho
akukho namunye
oyakuwela phansi
ngaphandle kwemvume
kaYihlo.

30 “Kepha nani, zibaliwe
zonke izinwele zekhanda
lenu.

31 “Ngakho-ke
maningesabi; nina

**Okufanele bakwesabe**

- Yiziphi ezizathu okufanele zibenze bangesabi? Yikuphi abafundi abangaqinisekisa ngakho?

***Mholi:*** *Uma uphendula lo mbuzo wokugcina, yenza isiqiniseko sokuthi iqembu libheka ngokucophelela ivesi lama-29. Ungaphuthelwa “ngaphandle kukaYihlo”—okusho ukuthi, “ngaphandle kolwazi lwakhe kanjalo nemvume yakhe”! Landela leli phuzu ngokulixhuma emavesini 30—31.*

- Yimiphi imiyalelo kaJesu kule ngxenye? Yini okufanele yenziwe ngabafundi bakhe?

***Mholi:*** *Funda ngokuzwakalayo okusebhokisini lokubonakalayo.*

**OKUBONAKALAYO**

UBhelizebuli igama likaSathane. Abanye basola uJesu ngokuba nguSathane. Uma basola uJesu ngalokhu, kusho ukuthi nabafundi kufanele bakulindele ukusolwa ngokufanayo.

## QAPHELA

Kuningi uJesu akushoy kubafundi bakhe, ngakho-ke masiqhubeke nencwadi ngokukaMathewu 10:32-40.

***Mholi:*** *Funda ngokuzwakalayo encwadini ngokukaMathewu 10:32-40.*

- *Maka ngokukokelezela amagama **yilowo nalowo**, noma **yilowo**, kanye **nami**.*
- *Maka ngokudweba isiphambano konke lapho kubalulwe khona **uJesu**, kanye nezabizwana zakhona:* †
- *Maka u-**ngalokho-ke** ngamachashaza amathathu amise okukanxantathu:* ∴

## XOXA

- *U-Ngalokho-ke* yitemu lokuphetha – indlela yokuphetha umcabango. Njengalokhu usafunda le ngxenye, ulubonile ushintsho kulokho okwakushiwo? Isiphetho? Kwenzakalani emavesini kusukela kwelama-32-40?

niyayidlula imizwilili
eminingi."

### NGOKUKAMATHEWU 10:32-40

32 "Ngalokho-ke yilowo
nalowo oyakungivuma
phambi kwabantu, nami
ngiyakumvuma phambi
kukaBaba osezulwini.

33 "Kepha lowo
oyakungiphika phambi
kwabantu, nami
ngiyakumphika phambi
kukaBaba osezulwini.

34 "Ningasho ukuthi
ngize ukuletha ukuthula
emhlabeni; angizanga
ukuletha ukuthula kepha
inkemba.

35 "Yebo, ngize
ukuphambanisa umuntu

noyise, indodakazi nonina,
umalokazana noninazala;

36 Izitha zomuntu
kuyakuba ngabendlu yakhe.

37 "Othanda uyise
nonina kunami,
akangifanele; nothanda
indodana noma indodakazi
kunami, akangifanele.

38 "nalowo ongasithathi
isiphambano sakhe
angilandele, akangifanele.

39 "Ofumana ukuphila
kwakhe, uyakulahlekelwa
yikho; olahlekelwa
ngukuphila kwakhe ngenxa
yami, uyakukufumana.

40 "Onamukelayo nina,
uyangamukela Mina;
nongamukelayo Mina,
wamukela ongithumileyo."

- Yini umehluko phakathi kuka "lowo nalowou" kanye na"lowo"emavesini ama-32-33? Futhi waphendula wathini uJesu kulokhu kokubili?

- Ngabe lokho kubukeka kunzima engxenyeni kaJesu, noma kuyawenza umqondo? Nabe kunendaba ukuthi kuyawenza umqondo noma akunandaba?

- Yini uJesu afuna abafundi bakhe bayiqonde emavesini ama-34-37? Ngabe uyaqala ngqa ukufunda lokho? Yini ecaciswe ngokwenabile mayelana nobudlelwano bababafundi noJesu Khristu?

- Yini edingekayo ukuze sibe nalolu hlobo lokuthembeka kuKhristu? Yisiphi isethembiso salokhu kuzibophezea kwalolu hlobo? (Bheka emavesini ama-38-39.)

- Evesini lama-40, yikuphi okufundayo ngobudlelwano obuphakathi kukaJesu nabafundi bakhe? Ngobudlelwano bukaJesu noBaba?

***Mholi:*** *Funda ngokuzwakalayo okusebhokisini lokubonakalayo.*

**OKUBONAKALAYO**

Igama lesiGreki elihunyushwe ngokuthi *umfundi* livela kwisenzo esisho "ukufunda." Umfundi wazihlanganisa nomunye ukuze athole ulwazi olusebenzayo noma lwethiyori ngokufundiswa noma ngesipiliyoni. Kwakuyigama elisetshenziswa kubafundi abafunda umsebenzi wezandla kanye nabafundi abafunda ifilosofi kathisha.

Ukwenza abafundi kwakuwumqondo ovamile enkolweni yamaJuda ngezikhathi zikaJesu. Ngokwesiko, abafundi babehamba ekhaya bayohlala nothisha wabo, owayebapha ukudla nendawo yokuhlala. Abafundi babeba yizinceku zakhe futhi babengaphansi kwegunya lakhe ngokupheleleyo. Kwakufanele bafunde konke uthisha ayekwazi—bafane naye ngobuntu—futhi kamuva babezokudlulisela ngokwethembeka lokhu kwabanye.

## PHETHA

Ngokweqiniso, uzizwa kanjani uma ufunda le mibhalo esesiyibhekile kuleli sonto?

Mawucabanga ibaluleke kanjani namhlanje?

Ucabanga ukuthi lezi zinto zaziphathelene nabafundi bakaJesu abalishumi nambili kuphela noma kusengenzeka zisebenze nakithi?

Lezi izimfundiso eziqinile, akunjalo? Wake wazibuza ukuthi wonke umKhristu ubizelwe yini ukuba abe umfundi—futhi uma kunjalo, ulwazi olunjalo nolwazi ukuqonda izimfuneko zikaJesu kubafundi kungase kushintshe indlela esethula ngayo iNkosi uJesu Khristu kwabanye? Ucabangani?

Khuluma noNkulunkulu ngalokhu- umbuze ukuthi yena ucabangani...

# Mayelana No-Kay Arthur Kanye Ne-Precept

U-KAY ARTHUR, iphini likamongameli omkhulu kanye nomsunguli we-Precept Ministries International, waziwa emhlabeni wonke njengomfundisi weBhayibheli, umbhali, isikhulumi senkomfa, kanye nomsakazi wezinhlelo zomsakazo kazwelonke nethelevishini.

UKay nomyeni wakhe, uJack, basungula iPrecept Ministries ngowe-1970 eChattanooga, eTennessee. Iqalwe njengenkonzo entsha yentsha, iPrecept namuhla iyinhlangano efinyelela emhlabeni wonke egxilisa izingane, intsha, kanye nabantu abadala ezwini likaNkulunkulu, ukuze bazitholele ngokwabo amaqiniso eBhayibheli. Izifundo zeBhayibheli ezifundiswayo zifundiswa kuzo zonke izifundazwe ezingama-50. Izifundo zihunyushelwe ezilimini ezingama-70, zafinyelela emazweni ayi-185.

UKay ungumbhali wezincwadi ezingaphezu kwama-40 nezifundo zeBhayibheli zokufundisa ezingama-27, nezincwadi ezingaphezu kwezigidi eziyi-5 ezishicilelwe. Ufunwa amaqembu emhlabeni wonke njengomfundisi weBhayibheli okhuthazayo nesikhulumi senkomfa. UKay waziwa kakhulu emhlabeni jikelele ngezinhlelo zakhe zethelevishini zansuku zonke nezamasonto onke ezisakazwa njalo eziteshini ezingaphezu kuka-900 emazweni angu-30. Thintana nePrecept ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nezifundo zeBhayibheli zokufundisa endaweni yangakini.

UTOM NOJANE HART bahola inkonzo yaseCanada yePrecept Ministries International. Ngaphezu kokuba ababhali, bavame ukukhuluma ezindaweni eziphakeme, amakolishi eBhayibheli, izinkomfa, kanye nasezindaweni zokuvakasha kulo lonke elaseCanada naphesheya kwezilwandle. UTom, ongummeli, uphothula iziqu zobudokotela kwezenkolo. UJane, umhlengikazi, useneminyaka engaphezu kwamashumi amabili efundisa iBhayibheli. UTom noJane sebeshade iminyaka engamashumi amathathu nanye, banezingane ezintathu nabazukulu ababili. Bahlala eBrantford, e-Ontario

Thintana ne**Precept** ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nezifundo zeBhayibheli zokufundisa endaweni yangakini.


**Precept South Africa**
Tel.: +27 (0)21 531 1836
Email: support@precept.org.za
www.precept.org.za

precept.africa precept.africa

